# Akungenwa!

Ibhalwe nguMargot Bertelsmann
Imifanekiso nguNatalie no Tamsin Hinrichsen

Indawo kaLuke isezansi nengadi. Yenziwe ngokhuni kanye namafasitela engilazi angempela. UMama ubeka khona ihhala lakhe lasengadini. Isoka likaMama, uTrevor, ubeka khona amathileyi ezithombo, azotshala kuwo imifino.

Kodwa-ke bobabili bayiqashile nje kuphela le ndawo. Ishede elikaLuke kuphela. Ugcina khona izimfihlo zakhe ezinkulu. Kwelinye ishalofu, ubeke amabhulokhi akhe okwakha kanye nopopayi abanyakaziswayo. Esikhwameni esisekhoneni kukhona izimabuli zakhe. Kukhona indawo yenja enguSally kwelinye ikhona phezu kwenye yezingubo zokulala ezindala zikaLuke.

ULuke wenza uphawu oluthi: AKUNGENWA! Wonke umuntu kumele acele imvume uma efuna ukuyongena eshede, ngaphandle kukaLuke noSally. Cishe nje, wonke umuntu uyakuthobela lokhu — ngaphandle kukamfowabo omdala, uFelix.







"Luke, okokukha amakaka ezilwane kuseshede," kusho uMama. "Ngabe ngingakwazi ukuyokulanda?"

"Ngizokulanda!" kusho uLuke.

"Nanoma yini okwazi ukuyenza, ngingayenza kangcono," kusho uFelix, kodwa akulona iqiniso lokho. ULuke ususa wonke amakaka ezinja yedwa.


UTrevor udinga uphethiloli womshini wokugunda utshani. Nawo uwubeke endaweni kaLuke. "Ngizokuthathela wona!" kumemeza uLuke.

Ukhipha ikani likaphethiloli, bese uTrevor embonisa ukuthi ugcwaliswa kanjani umshini wokugunda utshani. UTrevor udonsa intambo, kanye, kabili, kathathu. Vruum. UTrevor uvumela uLuke ukuthi agunde indawana ngemva kokuba esegqoke amateki akhe, ezigqokise yena.

UFelix ufuna ukunikwa ithuba naye. "Awubheke nje ukuthi sengigunde utshani obungakanani," kukloloda yena. "Futhi ngenze kangcono kunawe."

Ubuso bukaLuke baba bomvu tebhu, ngenxa yokuthukuthela.

UFelix unesizungu. Uyahamba aye emnyango wegushede. "Ngiyangena," kumemezela yena. Akangqongqozi nokungqongqoza.



UTrevor ubuka uMama. UMama uvele agingqe amehlo nje.

ULuke uyama elindele okuzokwenzeka.

UFelix ugxavuna isibambo sesicabha. Qu! Avele abe manzi kusukela ekhanda kuya ozwaneni.

UFelix uyagijima ayozesula bese eshintsha ihembe lakhe. Bese ebuya.

"Ngizobamba wena!" kumemeza yena. Ukhahlela umnyango. Pha! ULuke ubesecuphe ngokunye futhi. Isishayazimpukane samshaya esiphongweni.

"Ashu! Ngizoziphindiselela ngalokho," kuthembisa uFelix.



UFelix uhlela ukuziphindiselela. Kukhona into amatasa-tasa ngayo ngaphandle komnyango.

"Phuma, Luke!"

"Ngobani?" kubuza uLuke. "Ngabe uyakholelwa ekutheni engikwazi ukukwenza wena ungakwenza kangcono?"

"Mhlawumbe," kusho uFelix, ehleka yedwa.

ULuke uphuma ngefasitela ngasohlangothini lweshede lamathuluzi. Bese ehamba ngamanzonzwane agweme uFelix ayoma ngemuva kwakhe.

"Empeleni, angicabangi ukuthi kuyiqiniso lokho," kusho uLuke engasehlombe emva kwakhe. "WENA awukwazi nokufunda uphawu lolu."



# Akungenwa!

Ibhalwe nguMargot Bertelsmann • Imifanekiso nguNatalie no Tamsin Hinrichsen

## Imibono okungaxoxwa ngayo

U-Luke unendawo yakhe ekhethekile. Wena unayo yini indawo ekhethekile ekhaya? Uma ungenayo, ungayenzela kuphi?

Ucabangani ngendlela u-Felix no-Luke abaphathane ngayo? Yini abangayenza ngokwehlukile?

## Ezibonakalayo

Dweba isithombe samaqhinga u-Luke awadlalayo kumfowabo omncane.

## Ukufunda

Bhekisisa isithombe sokuqala. Phinde ufunde okubhalwe kula makhasi bese uthola izinto ezingezika-Trevor no-Luke esithombeni.

## Ukubhala

Yenza olwakho uphawu olubhalwe ukuthi "Akungenwa!".

## Umsebenzi wezandla

Sebenzisa ikhathoni lamaqanda njengetreyi lembewu bese utshala izimbewu ezithile kulo. Faka amalebula ezimbewini ngokudweba izithombe ezincane zezinhlobo zezitshalo lapho sezikhule ngokuphelele. Namathisela lezi zithombe ezindukwini ezincane bese uzibeka eceleni kwezimbewu zazo.

## Ukusebenza

Yenza "umhume" okhethekile ngokubeka obhulankethiphezu kwezitulo ozodlala futhi ufunde kuwo. Faka izincwadi zakho ozithandayo namathoyizi emhumeni wakho. Beka uphawu olwenzile olubhalwe ukuthi "Akungenwa!" ngaphandle komhume wakho.